IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

OweSifazane emThombeni waManzi

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Lazarus

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Alastair Paterson

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJesu kanye nabafundi bakhe babe dabula emhlabeni wamaSamariya. Bafika edolobheni lase-Sikhari.



Kwaku khona umthombo wamanzi, lapho abantu base-Sikhari babekha khona amanzi okuphuza. UJakobe, ubaba wama-Israyeli, uye owamba lomthombo kudala.



Intambama kufanele ukuba yayi balele futhi ishisa. Ekhathele, uJesu wahlala phansi eduze komthombo ngenkathi abafundi bakhe beya e-Sikhari ukuyothenga ukudla.

UJesu wayeyedwa – kwasheshe kwaphela lokho. Owesifazane wase-Sikhari wafika ezokha amanzi.
“Ngiphuzise,” UJesu esho kuye.



Owesifazane waye mangele. “Kwenziwa yini ukuba wena, uyiJuda, ucela mina ngikuphuzise, ngingowesifazane waseSamariya na?” kusho owesifazane. Ngaleyo nkathi, amaJuda ayengadlelani namaSamariya.

Kufanele ukuba
wathuka wadlulela
ngenkathi uJesu ethi,
“Ukuba uyazi ukuthi
ngingubani, ngabe
uwena ocela Mina
amanzi okuphila.”



Owesifazane
wathi kuJesu,
“Nkosi, awunayo
into yokukha, futhi
omthombo uyashona. Pho
uwatholaphi lamanzi okuphila
na? Ungaphezu kwababa wethu,
uJakobe, lo owasipha lo mthombo …?”

“Yilowo nalowo ophuza lawa manzi uyakubuye ome,” UJesu etshela owesifazane. “kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona akazokoma naphakade. Kepha amanzi engiyakumnika wona… phakathi kwakhe ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube ngukuphila okuphakade.” “Nkosi, ngiphe wona lamanzi…” kusho owesifazane.

UJesu watshela owesifazane ukuba abize indoda yayo. "Anginayo indoda," kuphendula owesifazane. "Usuke waba namadoda amahlanu," kusho uJesu. "Futhi le onayo akusiyo indoda yakho."

Owesifazane kwamucacela ukuba uJesu ngomprofethi. Wazama ukuphikisana Naye ngokuthi kumele akhonzwele kephi uNkulunkulu: EJerusalema noma entabeni engcwele yamaSamariya. UJesu wathi, abakhonzi boqobo bakhonza uBaba ngomoya kanye neqiniso.



“Ngiyazi ukuthi uMesiya uyeza,” kusho owesifazane kuJesu. “Nxa esefikile yena, uyakusitshela konke.” “Nginguye mina engikhuluma nawe,” kusho uJesu, ngaleso sikhathi zabuya izifundi zakhe. Owesifazane washiya ujeke wayo obizayo lapho ngasemthombeni wabuyela edolobheni.



“Wozani, nizobona indoda engitshele konke engikwenzileyo,” owesifazane etshela amadoda ase-Sikhari. “Kungabe nguye uKristu na?” Amadoda ashiya edolobheni ahamba ayozibonela uJesu.

Ngaleso sikhathi, abafundi bancenga uJesu ukuba adle. Kodwa uJesu wathi, "Ukudla kwami kungukwenza intando yongithumileyo, ngifeze umsebenzi wakhe." Umsebenzi wakhe kwaku ukuletha abantu kuNkulunkulu.



Iningi lamaSamari lakholelwa Kuye ngenxa yamagama lawa owesifazane. Bacela uJesu ukuba ahlale nabo; wahlala izinsuku ezintathu.



Bakholwa abaningi kakhulu futhi ngenxa yezwi lakhe. Bathi, "... sesizizwele ngokwethu, siyazi ukuthi lo uKristu ngempela, uMsindisi wezwe."

OweSifazane emThombeni waManzi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Johane 4

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16